



# INGEDE

September 1999, Vol. 2, No. 1



## UKUVUNDISA UMOBA WAKHO



Njengoba izingane zidinga ukudla ngendlela efanele ukuze zikhule zibenempiro zikwazi ukumelana nezifo, kanjalo nomoba wakho.



Insimu eyondleke ngokufanele ngomanyolo iyokunikeza umkhiqizo ophezulu nenzozo enku.

Insimu engondlekanga kahle noma engondlekanga ngesikhathi esifanele, ngeke ikhiqize kahle ingaholela ekuncintisaneni okukhulu komoba nokhula.



Isampula lenhlabathi kufanelwe lithathwe ngaphambu kokuba kutshalwe emva kokuba sekulinyiwe, lokho kuyonikeza izincomo ngomanyolo ofanele usetshenziswe etshalweni nasekondleni amahlumela amane.



Kubalulekile ukufaka inani elidingakalayo nohlolo oludingakalayo lukamanyolo ensimini yakho. Lokho kungabonakala ngokuba uthathe isampula lenhlabathi.



Izivundiso zidinga ukuba zisetshenziswe ngobuningi bazo, kungaba nesidingo sokunezelza ngamasaka athile kamanyolo.



**VL Nxumalo**

Felixton

Lower Umfolozi  
(Ngwelezana)

Mbabe subward

Tel: 0351-942381



**DM Nzuza**

Felixton

KwaDube

Tel: 0353-374325




**S. Zungu**

Groutville

Stanger District

Tel: 0324-95302

<b>JANUARY</b>	<b>FEBRUARY</b>	<b>MARCH</b>
		 <p>TECHNOLOGY TRANSFER CADT RD&amp;E COMM POW <b>MILL</b> MCC SACGA JOINT VENTURE CONT.</p> <p>Sebenza ngokulandela uhlelo oludwebile.</p>
<p>Uma injongo yakho kuyinzuko kufanele ube usuhlanganisile. Umoba ngaphambi kokuqala konyaka omusha.</p>	<p>Dweba uhlelo lomsebemnzi wonyaka.</p>	
<b>APRIL</b>	<b>MAY</b>	<b>JUNE</b>
  <p>Qiniseka ngezilinganiso zomoba ozohlahlwa. Zilungiselele ukuvuna ngenyanga ka April kuya ku Disemba.</p>	 <p>Hlola izinga lesivuno somoba. Qiniseka ukuthi Oso-nkontileka bawenza ngendlela umsebenzi.</p>	 <p>Nquma izinsuku zokuthathwa kwenhlabathi iyohlolwa.</p>
<b>JULY</b>	<b>AUGUST</b>	<b>SEPTEMBER</b>
 <p>Faka isikhuthaza ensimini esivuniwe yomoba.</p>	 <p>Hlola izigaba zokhula bese uhlakula.</p>	 <p>Sungula izibonelo zezinye izitshalo.</p>
<b>OCTOBER</b>	<b>NOVEMBER</b>	<b>DECEMBER</b>
		 <p>Hlola izinga lokuhlanganisa komoba - ucabange ngomphumela.</p>
<p>Umlimi akahole izifo nezinambuzane.</p>	<p>Xoxisanani niqiniseke ngohlelo lomsebenzi wonyaka olandelayo.</p>	

# UKULONDOLOZA NGOTSHANI IVETIVER



NAKEKELA UMHLABATHI WAKHO NAWE UZOKUNAKEKELA

Ivetiver utshani okungesibona obendabuko, buqhamuka emazweni angaphandle, busiza kakhulu ukubamba ukuguguleka komhlabathi nokuvikela izindonga. Bungasetshenziswa njengomngcele emasimini noma njengothango ukuzungezela imizi. Bungasebenza futhi endaweni etshekile ukunciphisa ukugeleza kwamanzi.

Uma itshalwe njengothango ngonyaka owodwa nje, isingaba uthango oluhle oluvimbayo. Ayidliwa futhi izilwane njengezinkomo, iyakwazi futhi ukumelana nesomiso. Uma imigga yothango itshalwe yahlangana ungavikeleka kahle umhlabathi. Izimpande zalobutshani ziyawubamba umhlabathi ziuvikele futhi uma kunezimvula ezinkulu.

Lobutshani abuyikhiqizi imbewu futhi abunabi. Bungasetshenziswa ukwenza umsebenzi wezandla (omata, obhasikidi namacansi) nokufulela izindlu.

Akubizi ukuthola lesitshalo kulula ukusitshala.

Xhumana nomeluleki wakho uzokusiza ukuthola izinto zokutshala nezokwenza isikhulisa zithombo (nesari).

## AMASU ASEMQOKA

ka Julayi kuya kuSephtemba

- Susa isivikelamlilo eduze komoba osulungele ukuhlahlwa ekupheleni kwalessigamu sonyaka.
- Oda umanyolo wakho, ulungele ukukhuthaza ikhaba uma izimvula zokuqala zifika.
- Yimba yonke imixhantela yomoba okade utsahlawi ensimini, ulungele ukutshala kulelihlobo.
- Unazo izibulalakhula ezilungele ukuvikela ukhula kanye nesigubhu sokuthaka umuthi (knapsack sprayer)?
- Kufanele uthathe isampula lenhlabathi ensimini entsha ezotshalwa, liyohiolwa, uma ungakwenzi lokho, kwenze ngokushesa.
- Khumbula ukuthi uma uzodinga ukalika wabalimi (lime) kufanele ukuba unikeze isikhathi esingamaviki ayisithupha phakathi kwesikhathi sokusebenzisa ilime nokutshala umoba.
- Vula imisele kuphela uma usulungele ukutshala, ukuze kuvikeleke ukoma komhlabathi.
- Ngabe uyazi ukuthi uzoyithathaphi imbewu yomoba, ithimba langakini elibhekele ukuhlola izinambuzane nezifo ngabe seliyihlolile yini imbewu?

**Ngenxa yentengo ephansi kashukela,  
bonke abalimi kumele baqikelele  
ukunciphisa izindleko zokukhiqiza  
benyuse umkhiqizo abawenzayo.**

## INGOZI UMLILO

